**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO SABANTU ABANGU-9, EPHOLELA, ELINDELANI MHLAKA 07 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
IMeya yomkhandlu weTheku;
Amakhansela Akhona;
Abefundisi;
Imboni yezokuthutha;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yezokuThutha uHlabisa;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi sanibonani.Mphathi wohlelo

Kumqoka ukuba ngiqale ngokubonga imindeni yalaba esihlangene ngabo ngokuvuma ukuhlanganyela nathi ukuze sithole ithuba lokuzobhongela emswanini.

Inkonzo esihlangene ngayo lapha cishe ingeyokuqala lapha endaweni yaseLindelani, ukuba sihlangane ngaphansi kwefu elimnyama kangaka.

Ukudlula emhlabeni kwabantu abangu-9 engozini eyodwa akuyona into ejwayelekile futhi kusazothatha isikhathi ukuba ikhohlakale.

NgoLwesithathu olwedlule ngathola ucingo luvela kuMnuz Eugene Hadebe owayengibikela ukuthi konakele eLindelani. Ngabe sengicela kuNdunankulu uDkt Zweli Mkhize ukuba angidedele emhlanganweni weKhabhinethi ukuze ngikwazi ukuzozibonela ukuthi kwenzakaleni.
Engafike ngakubona ngalelo langa namanje ngisazibuza ukuthi laba abakwazi ukusinda basinda kanjani kule nto engayibona.

Angizange ngikholwe ukuthi kuleli jika nje khona lapha obala sekungase kulahleke imiphefumulo yabantu abaningi kangaka.

Isimo samatekisi amabili ayebandakanyeka kule ngozi sasihlasimulisa umzimba. Selokhu ngangena kulo Mnyango ayikho into ehlale inzima njengokufika endaweni yesigameko lapho kwenzeke khona ingozi ngoba isithombe sento oyibonile sithatha isikhathi ukusuka.

Ngakho ngibuqonda kahle ubuhlungu kanye neminjunju enibuzwayo nina njengemindeni elahlekelwe ngoba nami ngizwa ubuhlungu obufanayo.

Ngelanga lesigameko ngahlangana nemindeni lapha esiteshini samaphoyisa eNtuzuma, ngazoyikhalisa kodwa ngikhuza nebhadi ukuthi ngabe yini le esihlasele KwaZulu-Natal.

Ngaleso sikhathi kwabe kusadlule abantu abayisihlanu. Ngivele ngethuka kwaphela nasozwanini ngempelasonto esiphuma kuyo masengithola umbiko wokuthi abanye abathathu kanti omunye ubenengane enezinyanga ezinhlanu isesiswini nayo eshonile.

Lokhu kwenze ukuba isibalo sinyuke sifinyelele ku-9 ngoba naye umntwana obengakazalwa ubesebalwa njengomuntu ophilayo.

Okwenze kwaba lukhuni ukwamukela lokhu wukuthi ngaziyela mathupha esibhedlela ngababona bonke lababantu ababuye basishiya, abanye ngaxoxa nabo futhi lalikhona ithemba lokuthi bazowuphonsa umbalane.

Namanye amalungu emindeni akhona la phakathi kwethu ngawabona ezibhedlela ngawaduduza ngingazi ukuthi sizohlangana lapha namuhla sesibala kanye nabo izihlobo zabo ezazisezibhedlela.

Kumqoka ukuba ngikubalule ukuthi ngelanga lesigameko ngasuka lapha ngaya kokhuluma emhlanganweni we-Santaco owabe ulapha eThekwini.

Kulo mhlangano ngakubeka kwacaca kubanikazi bemboni yamatekisi ukuthi kumele sonke sibambisane ukubuyisa isithunzi semboni yamatekisi.

Lokhu ngabe ngikusho ngoba yize ukhona umehluko futhi sikuncoma nokusebenzisana kodwa zisalokhu zikhona izinselelo.

Izingozi eziningi ezenzakalayo ezidlula nemiphefumulo yabantu abaningi zibandakanya amatekisi noma izithuthi zomphakathi. Ukuhamba ngesivinini esiphezulu ngoba kuphangelwana ngabagibeli, ukuphula

imithetho yomgwaqo nokushayela kudliwe uphuzo oludakayo noma izidakamizwa, yizona zinto ezijwayele ukuba yinkinga sigcine silahlekelwa ngabantu emgwaqeni.

Bazibophezela nabo abaholi bemboni ukuthi bazosebenzisana nathi singuMnyango ukuzama ukulungisa isimo. Lokhu siyakwamukela ngoba uye uzibuze uma unguNgqongqoshe kulo Mnyango uma kushona abantu ukuthi yini le ongayenzi okudingeka ukuba uyenze?

Kusukela kuqale uMashi 2011 kuze kube namuhla bangaphezulu kuka-50 abantu abashone emigwaqeni KwaZulu-Natal, ezingozini ezingaphezulu kuka-84 ezibikiwe, kwalimala abantu abangaphezulu kuka-443.

Uma kukhishwa izibalo kuzwelonke zabantu abadlula nezingozi zomgwaqo, iKwaZulu-Natal ihlale njalo ihamba phambili.

Yilezi zinto ezenze sasukuma sabamba ingqungquthela yesifundazwe yezokuphepha emgwaqeni ngenhloso yokuhlanganisa zonke izinhlaka ezisebenzisa umgwaqo sibheka ukuthi yini esingayenza ngokuhlanganyela ukunciphisa izingozi.

Le ngqungquthela yaqhamuka nezincomo eziningi okumanje siyazibheka ukuthi sizozisebenza kanjani ukuze sinqobe le ngwadla esibhekene nayo esifundazweni sakithi.

Kusithusile ukuthola kumphenyi wecala ukuthi phakathi kwezinye izinto eziphenywayo wukuthi “umshayeli” owaficakala kwenye itekisi ngemuva kwengozi kwabe kungeyena owangempela kodwa kungumsizi wakhe njengoba kunezinsolo zokuthi umshayeli wangempela waphuma wabaleka ngemuva kwengozi.

Izenzo zalolu hlobo zenza ungabaze ukuthi kukhona ukuzisola kulowo osuke ebandakanyeke engozini kodwa siyamnxusa lapho ekhola ukuba aphume ngoba ingalo yethu yomthetho yinde kakhulu futhi izofinyelela kuye.

Yize ubuholi  bukasoseshini bawavuma ukuthi buyawazi lamatekisi womabili kodwa awethu amabhuku njengoMnyango akhomba ukuthi elinye lala matekisi alinayo imvume yokusebenza.

Lokhu akuhlukene nomuntu owenza ibhizinisi ngokungemthetho. Yikho lokhu okwenza kwesinye isikhathi kube sengathi kukhona ukonakala kobudlelwane phakathi koMnyango nabemboni ngoba sibuye sivumele izenzo ezifana nalezi.

Manje sisemkhankasweni wokubheka wonke amatekisi angaphansi kwalo sosishini walapha eLindelani ukuthi anazo yini izimvume, kuthi lawo angenazo athathelwe izinyathelo ezifanele zomthetho.

Lo mkhankaso sizowenza kusona sonke isifundazwe ngoba iningi lalezi zimoto yizo ezidala izingozi, bese kuba nzima nakuhulumeni ukulekelela imindeni ngoba imoto isuke ingaveli kwezibhaliswe njengezithutha umphakathi emabhukwini kahulumeni.

Sisalinde umbiko ogcwele emaphoyiseni mayelana nocwaningo oluphelele ngembangela yengozi nokuthi yiziphi izinyathelo okudingeka ukuba sizithathe.

Amagama abasishiyile

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Name of Deceased | Ganeliso Majola (Sanele) |
| | Age: | 21yrs |
| | Gender | Male |
| | | |
| 2 | Name of Deceased | Gladys Mncwabe |
| | Age: | 63yrs |
| | Gender | Female |
| | | |
| 3 | Name of Deceased | Ayanda Mnikati |
| | Age: | 28yrs |
| | Gender | Male |
| | | |
| 4 | Name of Deceased | Thulani Xulu |
| | Age: | Still born – mom was 5 months pregnant |
| 5 | Name of Deceased | Bagcabile Mhlongo |
| | Age: | 52yrs |
| | Gender | Female |
| | | |
| 6 | Name of Deceased | Khulekani Mbanyana |
| | Age: | 37yrs |

| | | |
|---|---|---|
| | Gender | Male |
| | | |
| 7 | Name of Deceased | Jabulisile Mbatha |
| | Age: | 55yrs |
| | Gender | Female |
| | | |
| 8 | Name of Deceased | Eunice Mzimela |
| | Age: | 48 yrs |
| | Gender | Female |
| | | |
| 9 | Name of Deceased | Lwazu Mzimela |
| | Age: | 16yrs |
| | Gender | Male |

Sengathi uNkulunkulu angaba nani nithobeke amanxeba. UMnyango wethu uzokwenza konke okusemandleni ukubhukula ulwisane nokufa kwabantu emigwaqeni. Njengoba lo nyaka siwuchaze njengonyaka woMshikashika wokulwisana nokufa kwabantu emgwaqeni kanye nokuphulwa kwemithetho yomgwaqo, sinxusa nani ukuba nibe ngamanxusa ethu okuphepha emgwaqeni.

Ngiyabonga